## UPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA

**UKUBUYISWA KWEZINCWADI ZENTELA NGUMUNTU WESITHATHU NGOKWESIGABA 26 SOMTHETHO WEZENTELA, 2011 (UMTHETHO WAMA-28 WEZI-2011)**

Ngokwesigaba 26 soMthetho Wezentela Wezi-2011, mina, Thomas Swabihi Moyane, lapha ngiyalela abantu ababalulwe kwiSheduli ehambisana nalesi saziso ukuba babuyise izincwadi zentela zonyaka ka-2015 nezeminyaka elandelayo ngezinsuku ezibalulwe kuyo le Sheduli.

Lesi saziso, kusukela ngosuku esishicilelwe ngalo, sithatha indawo yeSaziso 260 esakhishwa kwiGazethi kaHulumeni No. 36346 mhla zinhlanu (5) enyangeni kaMbaso 2013 neSaziso 420 esakhishwa kwiGazethi kaHulumeni No. 36565 mhla ziyishumi nane (14) enyangeni kaNhlangulana 2013, ezakhishwa ngaphansi kwesigaba 26 soMthetho Wezentela Wezi-2011.

**TS MOYANE**
**UKHOMISHANA WOPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA**

## Isheduli

### 1. Incazelo yamagama asetshenzisiwe

Kulesi saziso, noma yiliphi igama noma isisho esincazelo yaso ikhona "eMthethweni Wentela" kanjengoba uchaziwe esigabeni 1 soMthetho Wezentela Wezi-2011, sinaleyo ncazelo esinikezwe yona, futhi ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile, la magama nezisho ezilandelayo kunale ncazelo:

"**inzalo**" kushiwo noma yisiphi isamba semali esithathwa njengenzalo ngaphansi kwesigaba 24J soMthetho Wezentela;
"**irekhodi**" kushiwo ulwazi oluqoshiwe oluqondene nomuntu okumele lulethwe umuntu wesithathu;
"**amarekhodi**" kushiwo ulwazi oluqoshiwe oluqondene nabo bonke abantu okumele lulethwe umuntu wesithathu;
"**uhlelo lwakwa-SARS lokufaka izincwadi zentela ngekhompyutha**" kushiwo uhlelo lwakwa-SARS (olubizwa nge-eFiling) lokubuyisa izincwadi zentela ngekhompyutha oluchazwe endimeni 1 yeMithetho Ngezokuxhumana Ngamakhompyutha eyashicilelwa kwiGazethi kaHulumeni No. 37940 mhla ka-25 kuNcwaba 2014.

### 2. Abantu besithathu okumele babuyise izincwadi zentela

Laba bantu abalandelayo kumele babuyise izincwadi zentela njengoba kubekwe endimeni 3:

2.1 Amabhange abhaliswe uMbhalisi Wamabhange ngokoMthetho Wamabhange wezi-1990, noma ngokoMthetho Wamabhange Omphakathi Wezi-1993;
2.2 Amabhange emifelandawonye alawulwa yi-ejensi yamabhange emifelandawonye ngokoMthetho Wamabhange Emifelandawonye Wezi-2007;
2.3 IBhange Leposi laseNingizimu Afrika (Postbank) elilawulwa ngokoMthetho Webhange Leposi laseNingizimu Afrika 2010;
2.4 Izikhungo zezimali ezibhaliswe yisikhulu esiphezulu, iphini lesikhulu esiphezulu noma yibhodi, njengoba kuchazwe eMthethweni weBhodi Yezezimali Wezi-1990, okungaba ngaphansi kwalowo Mthetho noma omunye;
2.5 Izinkampani ezikleliswe kwi-JSE, nabantu abaxhumene nalezo zinkampani, ezikhipha amabhondi, izimali ezinkulu ezibolekisayo noma usizo lwezimali oluthi alube njalo;

2.6 Izinkampani zikahulumeni, njengoba zichazwe esigabeni 1 soMthetho Wezinkampani Wezi-2008, ezikhipha amabhondi, izimali ezinkulu ezibolekisayo noma usizo kwezimali oluthi alube njalo;

2.7 Izinhlaka zombuso, njengoba zichazwe esigabeni 239 soMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika Wezi-1996, ezikhipha amabhondi noma usizo lwezimali oluthi alube njalo;

2.8 Noma ngubani (kubandakanya imifelandawonye njengoba ichazwe esigabeni 1 soMthetho Wentela Yengeniso) othenga noma iyiphi imfuyo, imikhiqizo yezolimo, izingodo, insimbi, okumbiwayo noma amatshe ayigugu kunoma ngubani okukhiqizayo ngale kwenhloso yokukudayisa;

2.9 Noma iyiphi i-Medical Scheme ebhaliswe ngaphansi kwesigaba 24(1) soMthetho wama-Medical Scheme Wezi-1998;

2.10 Noma ngubani, oziqhubela ibhizinisi njenge-ejenti edayisa izindlu njengoba kuchazwe eMthethweni Wezama-Ejenti Ezindlu Wezi-1976 okhokha noma owemukela inkokhelo egameni lomuntu wesithathu mayelana notshalomali, inzalo noma irenti ekhokhelwa isakhiwo;

2.11 Noma ngubani osebenza njengommeli wasemajajini njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho Wabameli Basemajajini Wezi-1979 okhokha noma owemukela inkokhelo egameni lomuntu wesithathu mayelana notshalomali, inzalo noma irenti ekhokhelwa isakhiwo;

2.12 Noma ubani ofanelwe ukukhokha intela yokugcina imali eyinzalo ngokwesigaba 50F(2) soMthetho Wentela Yengeniso; kanye

2.13 Nomuntu okukhulunywe ngaye endimeni 2 yeMithethonqubo ekhishwe ngokwesigaba 12T(8) soMthetho Wentela Yengeniso, futhi ohlinzeka ngezimali noma ngomshwalense mayelana notshalomali olungakhokhelwa intela.

**3. Izincwadi zentela okumele zibuyiswe**

Wonke umuntu obalulwe oHlwini 1 kumele alethe izicwadi zentela zomuntu wesithathu eziphathelene nolwazi olubalulwe oHlwini 2 ngendlela ebekwe oHlwini 3 kuleli Thebula elilandelayo –

This gazette is also available free online at www.gpwonline.co.za

| Uhlu 1: Umuntu obalulwe kule ndima | Uhlu 2: Ulwazi oludingekayo | Uhlu 3: Indlela Oludingeka ngayo |
|---|---|---|
| 2.1, 2.2, 2.3, 2.4, 2.5, 2.6, 2.7 2.10, 2.11 kanye no-2.12 | Izimali ezikhokhiwe, ezingakakhokhwa nokumele zikhokhwe, noma ezitholakele ngotshalomali, ngerenti yesakhiwo, ngenzalo noma ngemivuzo; ukusebenza kwezimali okuqoshiwe kwi-akhawunti ephathelwe umuntu wesithathu (njengokusebenza kwezimali kuma-akhawunti asebhange); kanye nanoma iyiphi intela egciniwe. | IT3(b); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi ‘Business Requirement Specification: IT3 Data Submission. |
| 2.1, 2.2, 2.3, 2.4, 2.6 kanye no-2.7 | Izimali ezikhokhelwe ukuthengwa kanye nokudayiswa kwamathuluzi okuhweba. | IT3(c); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi ‘Business Requirement Specification: IT3 Data Submission. |
| 2.4 | Ukuthengwa nokukhokhwelwa kwanoma imuphi umshwalense wempesheni. | IT3(f); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi ‘Business Requirement Specification: Insurance Payments |
| 2.4 | Ukuthengwa kanye nokukhokhelwa kwamapholisi anoma yimuphi umshuwalense womhlalaphansi.<br><br>Ukukhokhwa kwemali ethile emva kokushona komuntu ngenxa yomshuwalense. | IT3(f); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi ‘Business Requirement Specification: Insurance Payments |

| **Uhlu 1: Umuntu obalulwe kule ndima** | **Uhlu 2: Ulwazi oludingekayo** | **Uhlu 3: Indlela Oludingeka ngayo** |
|---|---|---|
| 2.8 | Izimali ezikhokhwa uma kuthengwa, kudayiswa noma kuthuthwa imfuyo, imikhiqizo yezolimo, izingodo, insimbi, okumbiwayo, amatshe ayigugu, noma ngebhonasi. | IT3(e); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi 'Business Requirement Specification: IT3 Data Submission |
| 2.9 | Izimali ezifakwe umuntu ezinhlelweni zokubhekelela impilo (medical scheme), nazo zonke izindleko ezikhokhelwe umuntu yileyo medical scheme. | IT3(f); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi 'Business Requirement Specification: Medical Scheme Contributions |
| 2.13 | *(a)* Izimali zotshalomali ezikhokhiwe, okukhishwe kuzona nezidluliselwe nezivele kutshalomali olungabanjelwa intela; kanye<br>*(b)* Nanoma iziphi izimali ezemukelwe noma ezingenile ezingabanjelwa intela. | IT3(s); noma Imininingwane eqoqwe ngendlela eshiwo encwadini yoPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela ENingizimu Afrika ebizwa ngokuthi 'Business Requirement Specification: IT3 Data Submission |

**4. Usuku olungumnqamulajuqu lokubuyiswa kwezincwadi zentela ngumuntu wesithathu**

Kuncike endimeni 5, izincwadi zentela ezibalulwe kuleli thebula elingasenhla, eziqukethe yonke imininingwane mayelana nesikhathi esisukela –

4.1 kumhla lulunye (1) kuNdasa kuya kumhla zingamashumi amathathu nanye (31) kuNcwaba, kumele kungadluli olwamashumi amathathu nanye (31) kuMfumfu zingakabuyiswanga;

4.2 ezesikhathi esisukela mhla lulunye (1) kuNdasa kuya ekupheleni kukaNhlolanja, kumele kungadluli olwamashumi olwamathathu nanye kuNhlaba zingabuyiswanga.

**5. Usuku olungumnqamulajuqu lokubuyiswa kwezincwadi zentela zokuqala zabantu ababalulwe endimeni 2.12 no-2.13**

Abantu okumele babuyise izincwadi zentela okokuqala ngenxa yokubalulwa endimeni 2.12 no-2.13, akudingeki ukuba babuyise izincwadi zentela zesikhathi esiphakathi komhla lulunye (1) kuNdasa 2015 kuya kumhla zingamashumi amathathu nanye (31) kuNcwaba 2015.

**6. Indlela yokubuyisa izincwadi zentela yomuntu wesithathu**

6.1 Uma izincwadi zentela ezilethwa umuntu wesithathu –

- zinamarekhodi olwazi angu 20 noma ngaphansi kumele zithunyelwe ngekhompyutha kusetshenziswa uhlelo lakwa-SARS olubizwa nge-eFiling;
- zinamarekhodi olwazi angu-21 kuya ku-50 000 kumele zithunyelwe ngekhompyutha kusetshenziswa uhlelo lakwa-SARS lwe-hypertext (https) lwedatha engumthamo; kanti
- ezinamarekhodi edatha angaphezu kuka-50 000 kumele zithunyelwe ngekhompyutha kusetshenziswa uhlelo lakwa-SARS lwe-Connect Direct (C:D) lwedatha engumthamo.

6.2 Izitatimende zokuqinisekisa (Declarations) eziphathelene nezincwadi zentela zomuntu wesithathu kumele zithunyelwe ngekhompyutha kusetshenziswa uhlelo lakwa-SARS lwe-eFiling.

**7. Ezinye izinhlelo ezingenziwa no-SARS**

U-SARS angavuma ukuthi umuntu okudingeka ukuba abuyise izincwadi zentela njengoba kushiwo kulolu hlelo, azilethe lezo zincwadi zentela ngesinye isikhathi, ngolunye usuku noma ngenye indlela, njengoba kungadingeka.

This gazette is also available free online at **www.gpwonline.co.za**